eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2018

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-11. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

Downloaded from eduresourceza.com

IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU A *UMSHADO* – NELISIWE ZULU

- **Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.**
- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **ulwazi lwendaba.**
  - **ukwethula umbono wakho uwusekele kahle.**
  - **ukubhala inani lamagama.**
  - **isipelingi esihle.**
  - **ulimi oluhle.**

UMBUZO 1

Funda isigatshana esicashunwe endabeni **UMSHADO**. Phendula imibuzo engezansi.



[<www.google.co.za>]

Emva kwesikhashana nje atheleke uPamella. Ufika **ngemoto ebomvu**. Athi ukwethuka uBheki. Akhumbule ukuthi uLindiwe naye wathathwa imoto ebomvu. Abone uSifiso ephakamisa isandla ebingelela uPamella. Imxake futhi leyo nto uBheki. Ubengazi ukuthi uPamella noSifiso bayazana. Aqonde kuPamella uBheki. Babingelelane. Akhiphe imali uBheki.
"Ngiyibale?"
"Ungazihluphi."
Abonge uPamella. Asuse imoto ahambe. Ayibuke uBheki le moto ize iyosithela. Athathe izinombolo zayo.

[<www.google.co.za>]

[Ikhasi 38–39]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

1.1 Ubani uPamella ngokwale noveli? (1)

1.2 Babedayisani oPamella noTholi? (1)

1.3 UPamella wayezokwenzani ngesikhathi efika kuBheki esikoleni? Chaza kahle. (2)

1.4 Yini eyayingaphathi kahle uBheki ngale **moto ebomvu** eyayihamba uPamella? (1)

1.5 Phendula le mibuzo, ubhale impendulo ezoba ngamagama **angama-80** ngokulandelayo.

Qhathanisa uBheki noSifiso:

- Bhala **okufanayo** ngabo. (1)
- Bhala **okuthathu okuhlukile** ngabo. Sekela ngokwenzeka enovelini. (6)
- Khetha umlingiswa **oyedwa** kulaba ababili. Uma uBheki noma uSifiso ubengumngane wakho, lokhu bekungaba namuphi umthelela empilweni yakho? (1)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo **ngezigaba**. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100 kuya kwayi-120**.

Kule ndaba **UMSHADO**, **uTholi** uvezwe njengomlingiswa okhohlakele futhi **onobugebengu**.

- Chaza ngobugebengu kanye nenkohlakalo yalo mlingiswa. Bhala amaphuzu amane ukusekela. (4)
- Ngokucabanga kwakho, yiziphi izizathu ezazenza lo mlingiswa ukuthi enze lobu bugebengu kanye nenkohlakalo? (2)
- Bhala **isiphetho** sale noveli kabanzi. Bonisa ukuthi kwenzekani kulo mlingiswa kanye nabangane bakhe. (3)
- Yini oyithandile ngalesi siphetho? Chaza kafishane. (2)
- Bhala **isifundo** ositholile ngokwenza ubugebengu nenkohlakalo. Sebenzisa izibonelo ezisenovelini. (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Emva kweminyaka embalwa uTholi esaphuma ejele uhlangana noBheki endaweni yaseNyawushane okokuqala. Bhala **ingxoxo** phakathi kwabo bobalili.

[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (okusendabeni = 4 / okwakho = 2) (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwangama-200**. I-eseyi yakho mayihlukaniseke **ngezigaba**.

"Uthando luyimpumputhe/aluboni." Ngenxa yothando umuntu angenza izinto eziningi ezingahlukumeza yena kanye nabanye.

Sebenzisa lokhu okulandelayo ekubhaleni i-eseyi yakho mayelana nesitatimende esingenhla:

Isingeniso

- Bhala umbono wakho ngalesi sitatimende esingenhla kanye nomlingiswa ogqamile ohambisana nesitatimende. (2)

Ingqikithi

Chaza izenzo zakhe enovelini **ezihambisana nesitatimende**:

- Uma esehlangane noTholi. (3)
- Amaphupho kayise. (2)
- Izexwayiso (*warnings*) zikaSifiso noma zikanina noma zikamalume. (2)
- Uma evakashelwe nguLindiwe. (2)
- Ukuxabana kwakhe noBhatomu. (2)
- Isithunzi sakhe emphakathini. (2)

Isiphetho

- Phetha ngokubhala umbono wakho ngalo mlingiswa kanye nezenzo zakhe. (2)

Ulimi nohlelo (1)

Isakhiwo – ukubhala ngezigaba (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[20]

Amamaki angama-60

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.

- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **Isakhiwo esifanele.**
  - **Ithoni nerejista efanele.**
  - **Ulimi oluhle.**
  - **Isipelingi esihle.**
  - **Ingqikithi enhle.**
  - **Ikhono lokuziqambela.**
  - **Ukubhala inani lamagama.**

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150 kuya kwangama-200**.

Amaminithi omhlangano

5.1 Esikoleni sakho abafundi bakukhethe ukuthi ube nguNobhala wenhlangano emele abafundi. Emhlanganweni wenu wokuqala nakhuluma ngezinto **ezinganijabulisi** njengabafundi. **Bhala amaminithi omhlangano.** Sebenzisa amaphuzu amane alandelayo noma **uziqambele awakho**.

[<www.google.co.za>]

Ephuzwini ngalinye (*each*) enikhulume ngalo – nika **iziphakamiso kanye nesinqumo**.

- Ukusetshenziswa kwezinkundla zokuxhumana kabi. (4)

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

- Ukuhlukunyezwa kwabafundi abasha/abafikayo. (4)
- Ukusetshenziswa kwezidakamizwa ngabafundi. (4)
- Ukufunda ngezinsuku zamaholide asemthethweni. (4)

Ingqikithi	(16)
Isakhiwo	(7)
Ulimi nohlelo	(6)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[30]

NOMA

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

Incwadi yakomkhulu/yebhizinisi

5.2 Wena ungumfundi omdala osaqeda esikoleni *(old girl/boy)* manje ingane yakho ifunda kulesi sikole. Njalo uma ulanda ingane yakho, uthola ukudumala ngenxa **yokushintsha nokungahloniphi amasiko** esikole *(school traditions).*

[<www.google.co.za>]

Bhalela uthishanhloko **incwadi yokukhononda** ezofaka okulandelayo:

- Amasiko esikole abangasawahloniphi/angasahlonishwa; yimaphi. Bhala amaphuzu **amane**. (4)
- Kudalwa yini ukuthi angasagcinwa lawa masiko. (4)
- Kubaluleke ngani ukugcinwa kwalawa masiko. (4)
- Izixazululo ezingasiza ekugcinweni kwamasiko. (4)

Ingqikithi	(16)
Isakhiwo	(7)
Ulimi nohlelo	(6)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[30]

Downloaded from eduresourceza.com

Downloaded from eduresourceza.com

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **ayi-120 kuya kwayi-150**.

Ikhadi lokubonga

6.1 Ngesikhathi usafunda amabanga aphansi, bewungumfundi ohluphayo, ongahloniphi, ongalaleli kodwa uthisha wakho **akazange aliphonse ithawula**. Manje usanda kuthola imiphumela yakho emihle kakhulu kamatikuletsheni. Bhalela lo thisha **ikhadi lokubonga, umbonge** ngesenzo sakhe esihle.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(1)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[10]

NOMA

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018

Downloaded from eduresourceza.com

Umlando kamufi

6.2 Emndenini wakho **kushone** umalume **obengusaziwayo kwezomculo**. Umndeni wakho ucele wena ukuthi **ubhale umlando kamufi** ozofundwa ngosuku lomngcwabo.

[<www.google.co.za>]

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(1)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[10]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100

Downloaded from eduresourceza.com
IEB Copyright © 2018